


UYAKUNAKEKELA

 Singakhothamisa amakhanda ethu manje sisakhuluma kuMsunguli weZwi. Baba wethu oseZulwini, siyaKubonga ngalelithuba elihle nelikhulu lokuza kuWe futhi kulokhu ukuhlwa. Siza ngokuzithoba eGameni leNkosi uJesu, sicela ukuthethelelwa kwezono zethu, nokuthi Uzosivakashela futhi kulobubusuku. Futhi usiphe ngokweqile, ngokuchichimayo, ngaphezu kwakho konke esingakwenza noma sikucabange.

² Sikhulekela wonke umuntu oseBukhoni bukaNkulunkulu. Labo abagewele isono, kuqala, lowo ongaKwazi, ukuthi kulobubusuku kungahle kufike ukuphiliswa komphfumulo wabo nomoya wabo, ukuthi bangahle ngokuphelele babe izinceku zaKho kulobubusuku. Siyakhuleka, Baba, ukuthi labo abasothangweni, njengoba besingakubiza kanjalo, abazi nje ukuthi bajikele ngakuphi, futhi kungahle kube, leli kube ithuba labo lokugcina. Siyakhuleka, Baba, ukuthi bazophendula amehlo abo bawabhekise eZulwini. Siphe khona, Nkosi.

³ Singeke sabakhohlwa labo abatotobayo, abasezibhedlela nase—emakhaya, nalabo abagulayo futhi abakwazi ukuthamela inkonzo, nakuba nje bebengakuthanda, kakhulu kakhulu. Sizocela ukuthi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingasondela eduze nohlangothi lombhede wabo kulobubusuku. Futhi mhlawumbe ngoba sibuthene ndawonye futhi sakhuleka, ukuthi Uzokhulula amandla okuphulukisa afike kubo, ukuthi bangakwazi ukuza kusasa ebusuku enkonzweni, futhi baqhubeke njalo. Siphe khona, Nkosi.

⁴ Kungahle kubekhona abanye lapha abagulayo nabahluphekile, kwangathi lobu kungaba ubusuku bokukhululwa kwabo. Sibusise ndawonye njengoba sisalindela kuWe ngokuqhubekayo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu nangenxa yaKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

⁵ Kuhle kakhulu ukubuya eNdlini yeNkosi kulobubusuku! Mina, ngisangena emnyango ngaphandle lapho, futhi ngihlangane nomunye u—umfo. Ngeluleka *kanje* futhi ngabamba isandla sakhe, bekungumfana kaMfowethu John Sharrit. Angazi ukuthi lowo mfana ukhule kanjani kangaka. Ngimbuzile ukuthi, ngabe uDavid mkhulu njengoba ubengako yini. Futhi, awu, kubonakala nje sengathi bekungunyaka odlule, ngangilapha. Futhi ngicabanga ukuthi sekuphele cishe iminyaka emithathu. Kodwa ubekungumfana omncane nje ogijigijima lapha egqoke ipheya elincane lama-ovaloli. Futhi nangu kulobubusuku, oqinile, omude, (awu, angicabangi ukuthi ulalele) ngizosho njalo, insizwa ebuqhubekayo. Kodwa impela usekhulile. Futhi

yileyondlela yonk'into ehamba ngayo. Sikhula nje sizedlule thina uqobo.

⁶ Futhi bengiphumile namuhla ngiye eNtabeni iCamelback, lapho eminyakeni engamashumi amathathu nantathu eyadlula ngagibela ngadabula ehlane ngaphandle lapho, emhlane wehhashi, ngahubha amaburrow ngemva kweNtaba iSouth lapha. Angicabangi ukuthi kusekhona amanye asasele eArizona, konke sekwanqunywa kwenziwa imigwaqo nemigwaqo emikhulu. Awu, kunento eyodwa, "Lapha asinawo umuzi omiyo; kodwa sifuna Ozayo, OMakhi noMenzi kunguNkulunkulu." Ngiyazi ukuthi abantu bayangena, futhi nizomele niphume nisabalale. Kodwa ngikuzondile nje ukubona imibhede emidala yomdolofiya isuka, futhi iguquka iba yimisebenzi yokwakha izindlu. Futhi—futhi nje kubukeka njenge... Ngikuyazonda ukubona lokho. Benginethemba lokuthi bengingeke ngihlale isikhathi eside ukuba ngikubone. Nje, ngi—ngithanda okwasekuqaleni, ngandlela thize. O, ninamakhaya amahle, lelo yiqiniso. Kodwa, lokho ku—lokho kuphendukezelwe, lokho yilokho umuntu akwenzile. Umcabango wami ngobuhle akusikho lokho okwenziwe ngumuntu, kodwa umcabango wami ngobuhle yindlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Bukani nje, yileyondlela engikuthanda ngayo.

⁷ Kodwa, isizwe sakithi siyahamba, abantu bakithi bayahamba, futhi yonk'into lapha iyahamba. Ngike ngama lapho oFaro abakhulu bake bama khona, namandla amakhulu abusa umhlaba, futhi kwakungafanele umbe amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba ukuba uthole izinsalela zombuso wabo. Naphakathi lapho oKhesari, eRoma; ngahamba ngehla ngesitaladi, futhi bathi, "Amafidi angamashumi amabili ngaphansi kwalapha kwayilapho S'bani-bani, umbusi omkhulu." O, he! Lapho, ngoba asinawo umuzi omiyo.

Ngakho amathemba ethu alakhelwe phezu
kwalutho olunye
Ngaphandle kweGazi likaJesu, ngokulunga;
Lapho yonk'indawo umphefumulo wami
uhamba,
Lapho-ke Uba yithemba lami lonke nokuhlala.
KuKristu iDwala elimileyo ngimile;
Yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi
ezibishayo.

Yilokho esikubhekile!

⁸ Futhi manje, kulobubusuku, sibona abantu beme ngasezinhlangothini. Futhi ngiyaqonda ukuthi kusasa ebusuku bafanele babasezansi ehholo elikhulu, noma ini, eMadison Square Garden. Ngithi, ngiyethemba abakakukhipheli lokho entshonalanga manje.

⁹ Yonk'into iya entshonalanga. Ngezwa ngesinye isikhathi esedule, inkondlo encane, yathi, “Baguqule amadlelo... Ngenkathi abasempumalanga beza entshonalanga, baguqula zonke izindawo ezingamadlelo ngaphandle lapha zaba yinkundla yegalofu. Base bethatha isibaya semfuyo bakha ichibi lokubhukuda; bafaka amakoyote eNew York Zoo.” Futhi bathi, “Yinye kuphela into esele, leyo kwakuyintambo yokuthi bazilengise bona uqobo ngayo, esihlahleni sokhuni lukakotini.” Ngakho ngicabanga ukuthi cishe sekuhamba ngaleyondlela. Kunjalo! Ya.

¹⁰ Nike naqaphela ukuthi impucuko ihamba isuka empumalanga iye entshonalanga na? Futhi lapho impucuko iya khona, ingcolisa indlela yayo, lapho isahamba. Lelo yiqiniso impela. Nizocabanga ukuthi nginombono wokulindela okubi khona lapha kulobubusuku, aninjalo na? Kodwa lokho... Ngifuna ukushumayela ngakho, ngobunye bobusuku ngiseselapha, iNkosi ithanda, ngokuthi: lapho impumalanga nentshonalanga kuhlanguka. Futhi yilokho abakwenzile. Thina... Impucuko endala kunazo zonke yiShayina. Futhi uma sihamba siqonde ngqo entshonalanga, siqonda ngqo eShayina futhi. Akukho lutho kodwa ulwandlekazi phakathi kwethu. Nempumalanga kanye nentshonalanga kuyahambisana.

¹¹ Futhi khumbulani, iBhayibheli lithi, umprofethi wathi, “Kuyoba nosuku oluyofika olungebe yimini kanjalo lungebe ubusuku, luyoba usuku oluhwaqabele; kodwa ngokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya, ngesikhathi sokuhlwa.”

¹² Manje impucuko seyihambe isuka empumalanga iya entshonalanga. Futhi njengoba ilanga ngesimo somhlaba liphuma, liphuma empumalanga bese lihamba liye ngasentshonalanga, futhi lishone ezansi entshonalanga.

¹³ Ngakho-ke, asibone lokho okwenziwa yi N-d-o-d-a-n-a [NgesiNgisi: “Ndodana” kuchaza “Son”—Umhumushi] ngenkathi iletha ukuKhanya kweVangeli. Ekuqaleni, kubantu basempumalanga, kwakunepentecoste, ukuthululwa kukaMoya oNgwele, izibonakaliso, izimanga, izimangaliso, izinto ezinkulu zenzeka.

¹⁴ Manje sesibe nosuku olungesiyo ngisho imini noma ubusuku, luhwaqabele. Sesibe nokwenele uku—ukujoyina ibandla, ufake igama lakho encwadini. “Kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya.” Ilanga elifanayo eliphuma empumalanga, lishona entshonalanga. Futhi manje lowoMoya oNgwele omkhulu, ezansi kuyoyonke iminyaka, sewukhanye ukuKhanya okwanele phakathi kobusonto namahlelo, nokunye nokunye, wenzela abantu ukuba basindiswe kwehla njalo kuwo wonke unyaka.

¹⁵ Kodwa sekufike ukuKhanya kokuhlwa manje! Futhi manje uMoya oNgwele ofanayo, nokubonakaliswa okufanayo, wenza

izinto ezifanayo, usebenza njengoba Wenza, uyakhanya kubantu basentshonalanga, uthatha kusukela kubantu beZizwe ngenxa yeGama laKhe.

¹⁶ Futhi manje impumalanga nentshonalanga sekuhlangene, nempucuko seyishayisene ndawonye, futhi sekulethe esinye sezinhlekisa ezinkulu, isimo esingakaphucukile umhlaba owake wasibona noma waphupha ngaso. Sizongena kukho ngobunye ubusuku; lokho akusikho ebengizokhuluma ngakho kulobubusuku. Kodwa impela yisikhathi, ukuthi sisesikhathini sokuphela. Yilokho engizama ukukwenza, ukwexwayisa abantu, njalo njalo, ukuthi sisesikhathini sokuphela.

¹⁷ Yini esingayenza na? Akusekho mathemba kunoma yini nhlobo; kuphela kuKristu. Kukhumbuleni nje lokho! UKristu nguyena nsika esinayo.

¹⁸ Singeke sibuke entandweni yeningi. Yayikahle; kodwa seyigijinyiwe, iyiphilile impilo yayo. Amakhosi ayiphilile impilo yawo, nemibuso, nondlovu-kayiphikiswa, nabo bonke baluphilile usuku lwabo. Intando yeningi yayiyinto enhle kunazonke ababenayo. Kodwa ingcoliseke kakhulu, ngezepolitiki, kubole phuhlu. Akusekho mathemba kuyo nhlobo. Nifana nje nokuzama ukwakha edolobheni elivuthukile elishe lalotha. Ungeke ulakhe. Libhidlikile futhi liphelile. Futhi lifanele libe ngaleyondlela. Lifanele lize ngaleyondlela. IBhayibheli lithi kuzoba ngaleyondlela.

¹⁹ USathane ungumbusi wasosonke isizwe. Wonke umbuso ungokaSathane, futhi uyibusa ngendlela yakhe yokubusa. Kodwa akazange yini ayinikele eNdodaneni kaNkulunkulu ngolunye usuku na? “Lena ngeyami, ngenza noma yini ngayo engifuna ukuyenza, yonke imibuso yezwe.” Yilesosizathu belwa, futhi bebulala futhi bebulala ngenhloso.

²⁰ Kodwa uJesu wathi, “Suka emva kwaMi, Sathane.”

²¹ Ngoba, Wayazi ukuthi Wayezoba yindlalifa yayo. “Futhi thokozani, nonke nina mazulu nani baprofethi abangcwele, ngoba umbuso walomhlaba sewube nguMbuso weNkosi yethu, futhi Iyakubusa futhi ibuse iminyaka eyinkulungwane.” Khonake kungeke kusaba nezinye izimpi. O, ngaloloSuku olukhulu oluzayo! O!

²² Ake nginincenge, eGameni laKristu! Nina bantu abaligugu lapha, bekani onke amathemba enu kuYe, ngoba, Uyisona sisekelo kuphela. Ngoba, kuza ukuzanyazanyiswa. Intando yeningi izanyazanyiswe yaba izincezu. IMibuso izanyazanyiswe yaba izincezu. Izizwe zizanyazanyiswe zaba yizincezu. Sisekupheleni kwazonke izinto. “Kodwa semukela uMbuso ongeke wazanyazanyiswa; oqinile, omile, ohlala njalo emiseni kaNkulunkulu.” O, ngiyakuthanda lokho. Ngijabule kakhulu, kulobubusuku, ukuba ngumKristu! A—angazi ukuthi ngangiyokwenzani ukube ngangingesuye

umKristu. Mhlawumbe bengiyoba yinto yokuzibulala ukube ngangingesuye umKristu. Ngoba, ngokwazi nokubona lezi zinto, futhi—futhi-ke ngesipho iNkosi eyangipha sona, ukubona kungakenzeki nokuqonda lokho Azongivumela ngikwenze, angivumele nje ngikubone. Ngiyazi kulapho ngaphesheya nje lapho sengathi umhlaba uthintana nesibhakabhaka khona ngaleya, niyabo. Ngikubona kuza kusondela njengoba kunjalo, bese-kungenza ngimpongoloze ngakho konke okukimi. O, balekelani lololaka oluzayo!

²³ Nkulunkulu, yiba nomusa. Baba oseZulwini, O Nkulunkulu, ngiyakhuleka. Ngandlela-thize sisize, Nkosi. Siphe ukuqonda kwalento ethize enkulu enyanya njengenoyoka, kuyakhanga njengoba kwakunjalo, inyoni eyake yaba ngekhululekile, ihlezi esihlahleni. Kodwa manje inyoka isibambe iso layo. Futhi iyathungeleza, inikeza indlela, masinyane izobe isemlonyeni wayo namazinyo ayo anoshevu. Nkulunkulu, yiba nomusa. Kwangathi wonk'umuntu lapha kulobubusuku, ongakabambeleli okwehange ngokuphelele kuKristu uJesu iNdodana kaNkulunkulu, kwangathi bangeza kulobubusuku futhi bazalwe ngokusha ngoMoya, Nkosi, nokuthi amathemba abo angaba sekuFikeni kwaKhe, “Bonke labo abathanda ukuFika kwaKhe.” Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

²⁴ Ngifuna ukuthatha indaba yami kulobubusuku, iNkosi ithanda, eNcwadini kaPetru wokuQala. Futhi uma nifisa ukufunda kanye nami, uPetru wokuQala, isahluko 5, futhi asiqale cishe evesini 5. UPetru wokuQala 5, siqale ngele 5.

Ngokunjalo, nina basha, thobelani amalunga. Yebo, nonke nithobelane, nembathe ukuthobeka: ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

Ngalokho zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo:

Niphonse izinkathazo zenu zonke phezu kwakhe; ngokuba uyamikhathalela.

²⁵ Ukufundwa komBhalo okuhle kanje pho! Manje ngizothanda ukuthatha lokhu kube indaba: *UyaKuNakekela*.

²⁶ Kanjalo kulotshiwe futhi, esahlukweni se 14 sikaJohane oNgewele.

Izinhliziyo zenu mayingakhathazeki: uma nikholiwe nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.

Ngokuba ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi: uma kwakungenjalo, bengiyakunitshela. Ngiya futhi nginilungiselele indawo.

Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuya ngize, nginibuyisele kimi; ukuba lapho ngikhona, nibe khona nani.

²⁷ Esinye futhi isitatimende somBhalo, ngukuthi Uyokhuleka kuBaba, futhi Uyosinika “omunye uMduduzi.” “Futhi lowoMduduzi uyoba nguMoya oNgewele, lowo izwe elingeke limemukele, kodwa Uyoba nguMduduzi kokholwayo. Futhi uma Esefika, Uyofakaza ngaMi, futhi alethe izinto enkumbulweni yenu, eNginifundise zona, futhi uzonikhombisa izinto ezizayo. UMoya oNgewele obusisiwe!”

²⁸ Nasezinsukwini zikaPawulu, ngenkathi ethi: “Uma si... omunye ongefundile eza phakathi kwenu, futhi nonke nikhulume ngezilimi, bese kungabikho ohumushayo, khonake ongakholwa uzothi niyahlanya. Kodwa uma kuba nomunye oprofethayo futhi embule imfihlo yenhliziyo, wathi, lapho-ke bayowa phansi bese bethi impela uNkulunkulu unani.”

²⁹ Futhi nakho lapho sikhona kulolusuku, nalowoMduduzi ofanayo ezibonakalisa Yena uqobo ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi. Okuthokozisa kanje pho, okunesethembiso!

³⁰ Manje, wonk'umuntu ongenaye loMduduzi omangalisayo. Bona, abana. AbanaYe. BayaMenqaba, bayaMala ngoba abaMkholwa nje.

³¹ Yinye kuphela indlela ongake ukwazi ukwemukela ngayo loMduduzi omangalisayo, yilapho ukholwa eNkosini uJesu Kristu; uvume izono zakho, uphenduke, ube nombhaphathizo wobuKristu wenziwe kuwe, nesethembiso ukuthi uNkulunkulu uzokugcwalisa ngoMoya oNgewele. Leso yisethembiso saKhe. Angeke abuyele emuva kuLokho. Kuyisethembiso saKhe. Bengihlale ngithi, uma umuntu wayefundiswe kahle; futhi ephendukile futhi, kusuka enhliziyweni yabo, ekholwe nguNkulunkulu ngakho konke obekungaphakathi kwabo; futhi uma sebebhaphathiziwe, masinyane uMoya oNgewele uzokwehlela kubo, ngoba Wethembisa ukwenza njalo. WaWethembisa. “Niyakwemukeliswa uMoya oNgewele, ngoba isethembiso ngesenu!”

³² Manje, abantu namuhla, isizathu bengawemukeli Lowo, yingenxa yokuthi kuphazamisana nempilo yabo yokomoya abafisa ukuyiphila. IBhayibheli lathi, “Izwe, umuntu, uthande ubumnyama kakhulu kunokuKhanya, ngoba izenzo zabo zimbi.” Futhi umuntu othanda ukuhamba ebumnyameni futhi enze izinto ezimbi, u... athande imisebenzi emibi, angeke awuthande uMoya oNgewele. Ngoba, iBhayibheli lathi, “Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.”

³³ Manje, ungalhe kube uyizwile lemiBhalo phambilini, kodwa ake siYinake. Ngabe Iyiqiniso na? Iqinisele kakhulu ukwedlula

wena uhlezi ebandleni lapha kulobubusuku. Iqinisile kakhulu kunalelizwe laseArizona. Aqinisile kakhulu ukwedlula wena uyisidalwa esiphilayo. AngamaZwi kaNkulunkulu aPhakade, futhi izethembiso zaKhe. Futhi kodlula amazulu nomhlaba, kepha lawomaZwi awasoze adlula. Anencazelo; achaza, okuhle kunakho konke. Kodwa angeke aze asho lutho kuwe aze uNkulunkulu aWembule kuwe. Kuhle kangakanani pho ukwazi ukuthi Uyasinakekela! Ngakho uma . . .

³⁴ Umuntu, wenziwa ukuba afune ukuba aduduzwe. Ngakho-ke uma engamukeli indlela kaNkulunkulu, khonake uzozithathela indlela yakhe. Futhi uzozama ukufaka esikhundleni okuthize okuzothatha indawo yalowoMoya oNgewe. O, ngifuna nikulalele! Owesilisa noma owesifazane, ongeke emukele uMoya oNgewe, uMduduzi, bazozama ukuziduduzela bona uqobo ngesibambiso esinodlame leso uSathane azosethula kubo. USathane nje unezibambiso eziyinqwaba. Kodwa kungani simele sibe nesibambiso, zibe kanti izibhakabhaka zepentekostali zigcwele okuphathekayo na? Ningadlalani emgqonyeni kadoti libe itafula lihlobile lihlezi ligcwele ukudla kwekhethelo na? Kuyobe kukhona okuthize okungahambi kahle engqondweni ngami uma ngenze lokho. Manje, kulusizi kanjani ukubona ukuthi umuntu uzozama ukufaka ukubambisa into ethize ukuba ithathe Leyondawo. Ngezinye izikhathi uzozama ukuthulisa unembeza wakhe ngokuphuma . . .

³⁵ Njengomama ngesinye isikhathi uzozama ukufundisa amantombazane amancane abo ukuthandwa ngabantu. Ukwenza . . . Bona, ukulangazelela kwabo konke ukwenza leyontombazane encane umdansi we—webhale noma okuthize. Futhi uyazi ukuthi uyinika ushevu obulala kancane kancane, uyinika ushevu ongumnqam'la juqu ongeke wenze lutho ngaphandle kokuphula inhliziyi yakhe futhi kuyiyise ethuneni likadeveli, noma esihogweni sikadeveli nethuna lesoni, ngoba akukho lutho oluhle olungaphuma kuyo. Kodwa uzama ukucabanga ukuthi, “Uma indodakazi yami beyingaba yilokho-nalokhu!” Futhi niyowathumela ngaleya ukuya ngisho nakwi YWCA yethu, lapho baziqeqeshela umdanso wokuzibinya. Nabantu abadala bayophumela ukuyodansa umdanso wengobo, noma uhlobo oluthize lomdanso womcimbi wesizwe lapho kudanswa khona umdanso womdabu.

³⁶ Uma befika cishe ngaseminyakeni engamashumi amathathu ubudala, bathola imiculo yosizi iblues. Bacabanga ukuthi, “Ngakho-ke ngoba sengikhule kangaka, angikabangi zinkinga eziningi zobusha nokho.” Futhi ba—bazame ukuthi ngezinye izikhathi bangethembeki ezifungweni zabo zomshado, kokubili amadoda nabesifazane. Bobabili banecala! Yini indaba na? Yinto ethize abashoda ngayo.

37 Ngezinye izikhathi bayoshona ekuphuzeni. Futhi emva kokuba sebedadala, ngani, bazohamba baye ebhaleni, futhi bazoqala ukuphuza. Futhi, uma bephuza, futhi bezama ukuphuzela ukukususa. Iziphuzo ezimbalwa nje, bese—bese-ke kubiza ezinye iziphuzo ngaphezulu, futhi emva kwesikhashana bagcina sebeyisidakwa.

38 Futhi ngezinye izikhathi ukuthandwa ngabantu, bazobuka ithelevishini kwi...nasezitaladini, futhi bebhema. Into ephansi kunazo zonke owesifazane ayenzile eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili, kungesikhathi abesifazane beqala ukubhema osikilidi. Lelo udaba okulotshwa ngalo elikhulu kunalo lonke lesisizwe esake saba nalo. Ukwephula ukuziphatha okuhle, ku—ku—kuthumela lezi zikhungo ngaphandle lapha zigcwele abantu abanokuhlanya, kuthumela izibhedlela zigcwele isifo sofuba, ukugula kwemidlavuza. Futhi yonk'into ithuthuka kukho, futhi nokho bakwenzela ukuthola induduzo!

39 UNkulunkulu wasinika okuthize ukuba kusiduduze, uMoya oNgcwele, uMduduzi kaNkulunkulu! Lezizinto kuphela ziyizibambiso ekugcineni ezizoholela endaweni yesiphithiphithi, nokungethembeki emshadweni, nokweba, nokwenza izinto ngendlela engesiyo.

40 Intombazane yami encane yangibuza ngobunye ubusuku, yathi...Noma, kwakunguJoseph omncane, wathi, “Babayi, ngabe ikhona into ethiwa ngumthakathi na?”

Ngathi, “O, impela.”

41 Wathi, “Ngabe unekhala elide, futhi ugibela umshanyelo esikhathini sasebusuku na?”

42 Ngathi, “Qhabo. Unobuso obupendiwe, futhi ugibela iCadillac aye ephathini yo—yotshwala obuxutshiwe.” Lolo uhlobo olusha lwamanje lwakhe.

43 Wayesethi, “Ngabe lowo ngumthakathi na?” Angazi noma bekufanele ngimtshele lokho noma qhabo, ngoba sonke isikhathi esitaladini ubona oyedwa, uthi, “Babayi, nanguya umthakathi. Akunjalo na?” Awu, ngicabanga ukuthi...

44 Niyazi, babevamise ukuba noCharlie Barleycorn omdala. Abanye benu bantu abadala niyamkhumbula, enesigqoko esidonselwe phansi savala izindlebe zakhe. Futhi ngisho negwababa lalimesaba, uCharlie Barleycorn. O, useshitshile kusukela kwaphuma umthetho wokwenqatshelwa. Kodwa manje ungomncane ophumelelayo, ohlala kulolonke ibhokisi le-ayisi, futhi ungumfo odume kakhulu kulelidolobha. Kodwa uselokhu eyinto efanayo enyanyekayo ethumela umphefumulo womuntu esihogweni, nabantu abasha esikhungweni sezinhlanga; futhi usegugile enhla lapha wezilima zomdanso wokuzibinya nama beatniks, nobuhlongandlebe bentsha, kwaze kwaba ngukuhlanya. Sekuze ngisho kwathi izikole zethu

azikwazi ukubathinta; silahlekelwe othisha abazinkulungwane ezingamashumi amabili ngonyaka odlule.

⁴⁵ Ngani na? Bacinga iNto ethize. BayaYibheka, nebandla lehlulekile ukubanika Yona. Isizathu benza lokho, yingenxa yokuthi benziwa ngaleyondlela, ukucinga.

⁴⁶ Ekugcineni, kuphetha kwini-ke na? Ukubulala nenghloso nokuzibulala. Umuntu ocabanga ukuthi wenza okuthize uma ephuma nonkosikazi kamakhelwane wakhe, noma ahlakaze ikhaya elithize noma owesifazane othize. Ucabanga ukuthi uyaphunyuka nokuthize, kodwa ekugcineni uyophetha nevolovolo eceleni kwekhanda lakho, futhi lisaphaze ubucopho bakho, noma ugxumele kwesinye isikafula ndawo ndawo, noma uzibulale, uphuze ushevu, isidakamizwa, noma ukuthize, futhi uye esimeni esilusizi, futhi ufe uye esihogweni sikadeveli, ngoba wenqabe i—iSelapho sangempela.

⁴⁷ Sineselapho. IKalvari iyilesi selapho. UKristu uyiselapho. Futhi Uyisona kuphela iselapho, sona sodwa isesekelo, yona ndlela kuphela. Kunezinto ongazithola kuKristu ongeke uzithole kwenye indawo. UKristu uyindlela uqobo; hhayi indlela *nje*, Yindlela *uqobo*. Ibandla likahle, siyabathanda, kodwa ibandla alisiyo indlela. UJesu uyindlela! Ungeke waphonsa izinkathazo zakho ebandleni, ibandla alinansindiso. Lingakukhomba kuphela kuJesu, Oiyiyona nsindiso kuphela. UyiNdelela, iQiniso, ukuPhila. Indlela kuphela eya kuBaba ingoJesu! UMduduzi okunguphela kwakhe, Onguyena kuphela Ongakwazi, okwaziyo ukusinakekela.

⁴⁸ Ngoba, singeke sakwazi ngisho ukunakekelana. Ngafunda emBhalweni esikhathini esithize esedlule, lapho Wathi khona, “Ukungawehlukanisi uMzimba weNkosi.” Futhi ngacabanga, isitatimende esinje pho! Sitholakala kwabaseKorinte bokuQala 11.

. . . engawehlukanisi umzimba weNkosi.

Futhi ngalokho baningi phakathi kwenu abagulayo futhi ababuthakathaka . . .

⁴⁹ UMzimba weNkosi yiBandla. Futhi asinakho ukuhlukanisa kukamoya okwenele ukuthi singanakekelana. Singanakekela kanjani-ke uma singakwazi ukunakekelana na? Singabanakekela kanjani abalahlekile nabafayo na? Sibhedlela sini esingabathatha sibayise kuso na? “Lahlela ukukhathazeka kwakho kuYe, ngoba Uyakunakekela.”

⁵⁰ Abantu bathatha izindlela ezimfishane, futhi okubenza ukuba benze lokho yingenxa yokuthi . . . uNkulunkulu, ngenkathi Enza umuntu, Akenzanga umuntu ukuba enze lokho. Wenza umuntu ukuba ajabule, ukuba abe nokweneliseka, ukuba aduduzeke. Umuntu . . . uNkulunkulu akafuni abantwana baKhe ukuba bangakhululeki. Wawungeke . . .

⁵¹ Ngani, nina bomama nike nivuke phakathi nobusuku, uma ngabe wake wagula kakhulu; uma omncane esekhahlele ambozwe ngakho kwasuka kuye, futhi niyazi ukuthi umfo omncane angahle athole umkhuhlane, bewusokola ngandlela thize ukuze ufike eceleni kombhede, ukumenza anethezeke. Uma omunye wabathandekayo benu ubelele ephethwe umkhuhlane, futhi ubungahlala lapho nendwangu bese ugeza ubuso babo ngamanzi aphilile, ukubenza banethezeke; ubuyokwenza, omunye wabantwana bakho. Ubuyohlala lapho, noma ubugula futhi ubudingeka ukuba ube sembhedeni kwawena, kepha ubuyoghubeke nokuhlala lapho, ngoba abantwana bakho basho okuthize kuwe. Bayingxenyeyakho, bayimpilo yakho.

⁵² NeBandla lingukuPhila kukaNkulunkulu, emhlabeni, futhi Ufuna ukududuza iBandla laKhe.

⁵³ Futhi kuyoba njani, uma wazi ukuthi ukwesula lelobunzi elishisayo lomntwana wakho kungamnethezekisa. Futhi uma ingala, futhi ikukhafulele ebusweni bakho, bese yeluleka bese ithole ibhodlela likagologo noma okuthize engakuthatha, esikhundleni, esikhundleni sokuthintwa isandla sikamama noma okuthize.

⁵⁴ Yilokho esikwenzayo uma sijikela kwamanye amakhambi. Maningi amakhambi, kodwa sinye iSelapho. UKristu uyiselapho, neselapho kuphela kulokhu. Uyasinakekela. Uyasithanda, futhi Ufuna size kuYe. UNkulunkulu wasenza ngaleyondlela, leyonto engewele kithi efuna ukuba iduduzeke.

⁵⁵ UNkulunkulu wanika indoda unkosikazi, ukuba ayiduduze, ukuyithinta. Futhi noma yiyiphi indoda iyazi ukuthi, othole unkosikazi olungileyo, kukhona okuthize ngonkosikazi olungileyo okwaziyo. Indoda ephatheke kabi ebhizinisini layo noma—noma ekuhambeni kwayo empilweni, futhi iyakwazi ukubuya ekhaya; akunandaba, akukho muntu, akukho dokotela . . .

⁵⁶ Kungaleyondlela kimi. Uma ngibuya ngaphesheya kwezilwandle noma ndawo ndawo, futhi nginokwethuka kakhulu futhi ngiphatheke kabi, nokungalali. Futhi—futhi ngizwe ukukhala, futhi ngibona abantwana abancane belambile esitaladini, futhi, o, bekhala futhi beqhubeka, kuvele nje kungibulale nya. Ngakho uma ngibuya ekhaya, uma ngabe umkami ezohlala phansi entweni yokubeka ingalo esihlalweni, angigaxe, bese ethi, “O, Bill, ngi—ngiyakuqonda, uyazi.”

⁵⁷ Futhi nje ukumbambathwa okuncane okumbalwa okuvela kumkami kusho okukhulu kakhulu; into efanayo, umyeni kumkakhe. Yileyondlela uNkulunkulu akufuna kube ngayo. Futhi uma sibambisa ngokuthize ngalokho, futhi uzothola omunye owesifazane ukuba azame ukuthatha leyondawo, noma omunye wesilisa, uyabona ukuthi wenzani.

⁵⁸ Manje, kungani, Usinika abangani. Uyathanda... Thina, sifanele sibe ngabangani. Sifanele sibe ngabafowethu. Futhi kuhle kanjani ukuya kumngani olungile, ngesikhathi senkathazo, bese uthi, “O, mngani wami, izinto ezithize-thize yenzekile.” Futhi okahle, umngani owethembekile uhlala phansi akhulume nawe, lokho kuhle kakhulu. Lokho okukaNkulunkulu. Njengomkakho nje ungokaNkulunkulu, umyeni wakho, uma ngabe uneqiniso.

⁵⁹ Kodwa sekube njalo ngisho nakumuntu, ukukhombisa imvelo yakhe ewile, uhlaza lokho lokho uNkulunkulu amnika khona. Into yokuqala, wathatha ibhodlela, noma izwe, ukuba kumnike induduzo esikhundleni sikaMoya oNgcwele. UNkulunkulu umnika unkosikazi ukuba abe yisithandwa sempilo yakhe, futhi akeneliseki ngoyedwa, ufanele athole omunye nomunye; noma ngapha nangapha, owesifazane kowesilisa. Abantu abasha, okunye nokunye.

⁶⁰ Futhi ngisho bonke labo baduduzi iNkosi esiphe bona! Uma sekufika ezansi ekupheleni kohambo, futhi sicindezela umqamelo ngesimongo sethu esiphethwe umkhuhlane, futhi siyafa. Umkethu engama kuphela, nezinyembezi zehla ebusweni bakhe, namehlo akhe ebheke phezulu kuNkulunkulu. Umngani wethu angasimbambatha ehlonbe futhi asixhawule; bese ema, asonte izandla zakhe, ngoba angeke esaqhubeka. Kodwa-ke uma uMduduzi, njengoba uDavide athi, “Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba olubi. Wena unami. Intonga yaKho nodondolo lwaKho kuyangiduduzo, ngisho nasesigodini samathunzi okufa.”

⁶¹ Kungani abantu boma futhi balambe na? Ngoba, ngenkathi enziwa, wenziwa futhi wadalwa waba nendawo encane kuye uNkulunkulu ayehlala kuyo, ukuba amduduze. Futhi ngesikhathi ezinyakazisa aqhele kuNkulunkulu, ngesono, khona-ke leyondawo ayisenamuntu. Futhi yingakho eYilambela, ukufinyelela Kuyo.

⁶² Futhi inkathazo namuhla, ngathi maKristu, ngiyesaba ukuthi asenzi konke esingakwenza ukukhombisa umfowethu owile ukuthi yileyo indaba ngaye. Yileyo indaba ngobuhlongandlebe bentsha, yingenxa yokuthi kubekhona ubuhlongandlebe ebandleni nobuhlongandlebe ekhaya, okwenze ubuhlongandlebe bentsha.

⁶³ Yileso sizathu ukuthi amabeatniks nokunye nokunye ezitaladini, begxuma phansi naphezulu, futhi bekhulisa zonke lezi zinto, yingenxa yokuthi bazama ukuthola okuthize ukwenelisa.

⁶⁴ Ake ngisho lokhu kulobubusuku, eGameni leNkosi Jesu! Akukho lutho okungenelisa njengokufika kwaMandla kaMoya oNgcwele, lokho kuzoshintsha impilo yenu nendlela

yenu enibuka ngayo, futhi kuninike induduzo nokuPhila okuPhakade.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zibhukuda ngaphansi
kwethantala,
Lisusa lonke ibala lesono.

⁶⁵ Unkosikazi angahle aduduze futhi ambambathe. Umngani angahle ahlale phansi futhi anike iseluleko esihle. Kodwa kuneNto eyodwa kuphela engasusa isono, leyo yiGazi leNkosi uJesu!

Yini engasusa isono sami na?
Akulutho ngaphandle kweGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Akulutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

Njengoba umbhali wathi:

O, kuyigugu lokho kugeleza
Okungenza ngibemhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Akulutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

⁶⁶ Yilokho-ke! Elihlanzayo futhi lihlambulule, bese lingenisa inhlanganyelo. “Okwesikhashana nezwe lingabe lisaNgibona. Nokho niyakuNgibona, ngoba Ngi” (isabizwana somuntu) “yoba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi uma Yena uMoya oNgcwele esekifikile, Uyofika, abe nguMduduzi uBaba azomthumela eGameni laMi. Uzonikhombisa izinto ezizayo, futhi alethe izinto enkumbulweni yenu.” Nini na? Njengoba sihlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu uJesu, uMoya oNgcwele uza ngeZwi, wehlela phansi, ududuzo, unikeza induduzo.

⁶⁷ Ukuza kwembubhiso yomhlaba! Zonke izinto ebezikhona manje ziyashabalala. Onke amathemba aphelile, nomhlaba awunandawo yokuma. Bayaphuza, bayagembula, bayashada, bayashadisa, ngoba basalile iSisekelo seqiniso sokududuzo, uMoya oNgcwele.

⁶⁸ Kodwa thina esikholwa nguYe, sifuna uMbuso ozayo (alibusiswe iGama leNkosi!), lapho kungasayikubakho sizi, noma ukukhala, noma izinhlungu zenzliziyo; kodwa ukuthula, nenjabulo, nothando, nokungafi, kuyothatha indawo yakho ngolunye usuku.

⁶⁹ Phonsa ukukhathazeka kwakho! Uma unokukhathazeka, kuphonselwe kuYe, ngoba Uyakunakekela. Enye iholela ekufeni kwaPhakade. Lena iholela ekuPhileni kwaPhakade. Nomuntu wenziwe ukuba afune lowoMduduzi. Ufuna umduduzi, ngoba wenziwa ngaleyondlela. Leyo yindlela uNkulunkulu amhlanganise ngayo ndawonye, wakha amakamelo kuye;

umphefumulo wakhe, unembeza wakhe, ukubona kwakhe, imizwa yakhe, yonk'into yahlanganiswa ndawonye. Futhi kulelikamelo elincane, lento ethize yokumenza ajabule, ukumnikeza induduzo, ukususa ukukhandleka nokwethuka kuye, uNkulunkulu wahlala lapho noMoya oNgcwele. O, isithombe esinje pho! Iqiniso elinje pho!

⁷⁰ Manje, mngani wami odangele ompofu, uma ngabe ulapha futhi ungakwazi lokho, ngingufakazi ukuthi lelo yiqiniso. Ngingumuntu onokwethuka, umuntu ogulayo. Um-Irish, nhlangothi zombili, futhi—futhi banokwethuka nezidakwa. Nomama wami ungumNdiya ingxenye. Osengathi, empeleni, ngokuzalwa, kungenza ihlongandlebe. Kunjalo. O, bengiyoba ngumuntu okabi kakhulu, ebhasteliwe ingxenye, cishe impela. Kodwa kwenzekani na? Ngathola into ethize eyathatha lelokamelo elincane ngaphakathi kimi, futhi kunginika ukuthula okwedlula ukuqonda, futhi sengisukile ekufeni ngangena ekuPhileni, ngasuka ebumnyameni ngeza ekuKhanyeni. O, ngingeke ngikuphike neze Lokho. Lokho ukuPhila kwami. Uyikho konke!

⁷¹ Ngimi ngaleya esibhedlela, ngenkathi ngifika eduze kakhulu neminyaka yami engamashumi amathathu nantathu enkonzo yami, ngifika eduze kakhulu kokuvumela uSathane. Ngesikhathi intombazane yami encane, uSharon Rose, yayifa esibhedlela. Futhi ngama lapho, nodokotela wayengazi ngisho nokwazi ukuthi ngangisegumbini.

⁷² Wayengeke angivumele ngingene, ngoba yayine-meningitis. Wathi, “Billy, uzoyithelela uBilly Junior. Ungangeni lapho.”

Ngase ngithi, “Doc!” Wase engihlalisa phansi.

⁷³ Watshela unesi, wathi, “Hamba, ulande umuthi, bese uyamnika.”

⁷⁴ Uyaphuma nencane ingilazi, ecishe iphakame kangako, wayesethi, “Phuza lokhu, Mfowethu Branham.”

⁷⁵ Ngase ngithi, “Ibeke phansi nje.” Futhi ngambhekisisa waze waphuma ekamelweni. Futhi ngasho ngehlela ehholweni, ngase ngingena ngaphansi ekamelweni elingephansi!

⁷⁶ Futhi nakho kulele ingane yami, ilele lapho nezimpukane emehlweni ayo. Ngaphezu kobuso bakhe kunento yokuxosha imiyane encane, yayiyikahlele yasuka.

Futhi ngabuka ngale kumama womfo omncane elele emoshali. Umfowabo omncane, uBilly, esesibhedlela, egula kanzima. Ubaba wami wayesanda kufela ezandleni zami, emavikini ambalwa ngaphambi kwalapho. Nomfowethu ebulewe, ngokuphuthuma. Futhi nakho-ke, nami ngingelutho ngaphandle komshumayeli osengumfana! Ngase ngiyambheka, futhi ngabuka. Ngathi, “O, Sharon, s’thandwa! Lona ngubabayi, uyangazi na?” Futhi ngiyazi ukuthi wayengazi. Wayezama uku,

kubukeka sengathi, uyangivalelisa. Namehlo akhe amancane ayeba yizinxemu. Wayegula kanzima, ngangwabona lawomehlo aluhlaza-sasibhakabhaka eba yizinxemu.

⁷⁷ Futhi ngase ngiyambuka. Ngase ngiwa ngamadolo ami, futhi ngathi, “Nkulunkulu, umama wakhe ulele ngaleya e—emoshali, sifanele simngcwabe ekuseni. Ungayithathi ingane yami, Nkosi. Ngivumele ngiyikhulise. Inomoya omuhle kakhulu! Futhi ungayithathi, Nkosi.” Ngalesosikhathi nje, kwabonakala sengathi kufika ishidi elimnyama, lendlaleka, lavela nje lamboza umbono kuyo. “Yithathe, noma kunjalo!” Ngasukuma.

⁷⁸ Wayeseza-ke uSathane eceleni kwami, wayesethi, “Futhi ngakho-ke uzoMkhonza na? Nakho laph’ukhona, awuyilutho kodwa umfana nje. Futhi uchaza ukuthi. . . Wenzeni na? Ume ekhoni lesitaladi yonk’indawo obungama khona, futhi wazila ukudla waze waba buthakathaka kakhulu wangakwazi nokukhwela epalini locingo, ukwenza umsebenzi wakho. Futhi wenzeni ngaphandle kokushumayela futhi wakhala futhi wakhuleka na? Futhi igama elilodwa elivela kuYe lalingaguqula sonke isithombe, kodwa Angakwenza na? Qhabo, Angeke akwenze. Uzomvumela afe. Bese kuthi-ke uzoguquka bese uyaMkhonza na?” Ngiza cishe, ngalelohora. . .

⁷⁹ Lapho imilenze yami yayingasakwazi ukungithwala, ngeyama embhedeni. Ngathi, “Sharry, uyamazi ubabayi.” Futhi waye. . . muzwa sengathi uyandonda, futhi wayebuka. Ngi—ngiyazi ukuthi wayefa.

⁸⁰ Ngacabanga, “Igama elilodwa nje! Wayengadingeki ngisho nokuthi alikhulume, ukubuka nje; umqondo waKhe uqobo wawungasiguqula isithombe, ne-meningitis yayizosuka kuye futhi wayezosinda. Izwi elilodwa nje! Kodwa nokho Akakwenzanga.”

USathane wathi, “Ngakho-ke uzoqhubeka nokuMkhonza na?”

⁸¹ Futhi ngacabanga, “Ngingayaphi na? Yini engingayenza na? Ngingaya kubani na? Likuphi ithemba lami na? Kwenzeka into ethize kimi,” ngathi, “iminyaka embalwa eyedlule ezansi lapha, futhi ngiyazi ukuthi ngiyaMthanda!”

⁸² Ngahamba ngaya ngale embhedeni, ngabeka izandla zami ekhanda lakhe elincane, ngathi, “S’thandwa, Nkulunkulu wapha wena, noNkulunkulu uyakuthatha, alibusiswe iGama leNkosi!”

“Nalokhu nje Ungibulala, nokho ngizokwethemba. Wena!” Yebo, mnumzane!

⁸³ Ngathi, “Ngizokuthatha, s’thandwa, futhi ngikualise ezingalweni zikamama wakho ngaphesheya e—emoshali yomngcwabi, cishe ehoreni kusukela manje. Kodwa-ke nokho uma Engibulala, akukho engingaya kukho. Uyilona themba

kuphela engake ngalithola. Uyisona sisekelo kuphela. Uyiyona nduduzo engake ngaba nayo. Futhi ngingayaphi manje ukuze ngithole induduzo, uma kwakungekho kuYe na?"

⁸⁴ Ngenkathi sengisho lokho, iziNgelosi zafika zase ziyamthwala zahamba naye. Ngacishe ngaquleka, kodwa okuthize kwenzeka! WayenguMduduzi wami. Wafika kimi. Wanginakekela.

⁸⁵ Ngenyuka ngaya ethuneni, usuku nosuku, ukuhlangabezana nesibopho sokuya lapho usuku ngalunye, ukuzila isikhashanyana nokukhuleka. Usigele wezwe wayeyilunga lebandla lami, ibandla leBaptisti. Futhi ngakho ngakhoke nga—ngangenyuka ngomgwaqo, noMnu. Isler, wathi... Uyenyuka futhi wangibona, wama, wase egijima eza ngapha wase engigaxa. Ngangifake amabhuzi, kwakuyilapho nje emva kwezikhukhula zika '37. Futhi ngangenyuka ngomgwaqo, ngibelethe izandla zami. NoMnu. Isler wama, wase eyagijima eza ngakimi, wathi, "Billy, ngifuna ukukubuza into ethize, ndodana." Usegugile, usaphila namanje, kude eminyakeni yakhe yokuguga manje.

Futhi ngathi, "Yini, Mnu. Isler na?"

⁸⁶ Wathi, "Ngikuzwile ushumayela. Ngikuzwile ukhuluma, nokuthi umphakamise kangakanani uKristu futhi washo zonke lezizinto ngaYe! Nalapho Wavumela ubabayi wakho afele khona ezingalweni zakho, ngomuthi ojovwe weqiswa isikali owambulala."

⁸⁷ Udokotela wambulala. Engazi ukuthi wayenzani, wamjova ngohafu we-greyini yomuthi ongushevu, futhi wambulala. Futhi ngi...Futhi wafela khona lapha ezingalweni zami, engibuka emehlweni.

⁸⁸ Izinsuku ezimbili noma ezintathu emva kwalokho, ngabukela umKristu othandekayo, usbari wami, umka mfowethu, efa; futhi ngambona esukuma futhi ebuka isomi lihlezi esihlahleni, futhi licula, "Kukhona iZwe ngaphesheya komfula."

⁸⁹ Lapho umkami efa, ngibambe isandla sakhe, ethi, "Bill, ukhulumile ngakho, ushumayeke ngakho, kodwa awazi ukuthi kukhazimula kanjani ukusuka kulempilo uye kweNye." Zonke lezi zinto lapho engimbone Ezenza!

⁹⁰ Futhi, o, wathi, "Manje Usethathe yonk'into obunayo, Usho ukuthini kuwe manje na?"

⁹¹ Ngathi, "Wena mfudlana wayoyonke induduzo yami, ungaphezulu, kokuphila kimi; ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho, noma ngubani eZulwini ngaphandle kwaKho na? O!"

Wathi, "Ngabe kusho lokho kuwe na?" Ngase ngithi, "Kusho lokho kimi!"

⁹² Ngaqhubeka ngenyuka egqumeni lapho ayengcwatshwe khona. Futhi ngahlala lapho isikhashanyana, futhi kwabonakala sengathi ijuba elidala liyaphuma, lallicula, noma likhala, kamuva kusihlwa ngisahlezi lapho futhi ngacabanga ngaye, nengane ilele lapho ezingalweni zakhe. Futhi kwakubukeka ngathi ngumoya wasolwandle, ovunguza ezihlahleni zeshoba, wawucula.

Kukhona iZwe ngaphesheya komfula,
Abalibiza ngelimnandi ingunaphakade,
Futhi sifinyelela kuphela kulololugu
ngomthetho wokukholwa;

Ngamunye ngamunye singena esangweni
elikhulu,
Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
Sukulumbe bayokhalisa lezozinsimbi zegolide
benzele wena nami.

⁹³ Izinto zokugcina engazitshela umkami lapho efa, ngase ngiyamanga ngimvalelisa. Wathi, “Ungahlali ungashadile, Billy. Thola owesifazane othile olungile ogcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, ukuba akhulise abantwana bami.” Wayengazi ukuthi ingane yayizokufa ngosuku olulandelayo. Futhi wathi, “Ngiyohlangana nawe ngalokho kusa.” Wathi . . .

⁹⁴ Ngathi, “Ume ngaleya ngasohlangothini lwasempumalanga lwesango. Futhi lapho ubona uAbrahama, uIsaka, noJakobe, nalabo bantwana boMbuso bengena, uvele uqale umemeze kakhulu nje uthi, ‘Bill! Bill!’ kakhulu kangangoba ungakwazi. Ngiyobuthela abantwana ndawonye bese sihlangana nawe lapho.” Lolo kwaba usuku lokuzikhipha lwethu lokugcina naye. Futhi ngosizo likaNkulunkulu, ngizolokhu ngisaphonsa zonke izinkathazo zami kuYe, ngenduduzo kaMoya oNgcwele, ukuthi ngolunye usuku ngiyokwenza lesi sikhathi sokuzikhipha kwethu siphatheke, lapho ngihlangana naye lapho.

⁹⁵ Ngomusa kaNkulunkulu, ngizohlala ensimini yempi futhi ngishumayele impilo yami yonke ize iphele ngenzele uMbuso kaNkulunkulu.

⁹⁶ O, phonsela izinkathazo zakho kuYe, Uyakunakekela. Manje Uyakunakekela, manje siyazi. Asibuze, imizuzu embalwa, uma Esinakekela. Kulungile.

⁹⁷ Wamnakekela owayenobulephelo ngesikhathi Wayelapha emhlabeni. Nakho kuhlezi onobulephelo.

⁹⁸ Wake wambona umuntu onobulephelo na? O, ngibone abaningi babo, ngabagaxa ngezingalo zami, labo abamhlophe benobulephelo. Kubukeka sengathi yinsumpa yembewu iguquke ingaphakathi layo lingaphandle.

⁹⁹ Ehlezi lapho kungekho muntu ongamthinta, phansi odakeni nokungcola nokwenyanyeka kwesitaladi, cishe ephansi ngangoba engakwazi, lapho wonk’umuntu wayesaba

ukusondela eduze kwakhe. Wayeyi...Wayengolahliwe. Wayelahliwe ngaphandle emphakathini womuzi, emphakathini webandla, emphakathini wayo—wayo yonk'into eyayikhona emzini. Akekho owayefuna utho oluphathelene naye. Uma ngabe benze noma yini, babemjikijelela ucezu lwesinkwa futhi bamyekele alwenyule lapho odotini. Babengasondeli eduze naye.

¹⁰⁰ Kodwa uJesu waMnakekela. Wahamba wehla naye ngqo, wase ehlala phansi. SengiyaMbona nje ebeka izandla zaKhe phezu kwakhe, wayesethi, “Ngiyathanda, hlanzeka.” O, Wamnakekela. Lapho kungekho lutho olwalunganakekela, Wanakekela.

¹⁰¹ Lapho kungekho lutho olwalungakunakekela, Usanakekela!

¹⁰² Kwakukhona impumputhe endala eyisinxibi, nemikhono yayo yonke idabuke, amadevu bonke ubuso bayo, futhi ingenalutho engaludla, ihlezi ngaseceleni kwesango ngolunye usuku, inxiba. NeNdodana kaNkulunkulu, isendleleni Yayo eya eKalvari, ukuyobethelwa, inezono zezwe kuYo; kodwa omunye wamemeza kakhulu, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!”

¹⁰³ Ngabe umuntu walolohlobo, ngabe umuntu, ngabe uMengameli, ngabe umphathi-dolobha, umphathi kahulumeni wezwe, omunye wombutho wamaphoyisa, emele into enjengaleyo na? Akuvamile ukuba ukuthole.

¹⁰⁴ Kodwa uJesu wanakekela. Waphonsela izinkathazo zakhe kuYe, futhi Wanakekela. Wathi, “Ufuna Ngikwenzeleni na?”

Wathi, “Nkosi, ukuba ngibone.”

Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Wamnakekela.

¹⁰⁵ Kwakukhona owesifazane owayeziphatha kabi ngesinye isikhathi, njengoguliswa utshwala noma isifebe, wayeziphatha kabi kakhulu baze abesifazane bomuzi bangamthinti. Wayengumdelwa. Waphuma ukuzokha amanzi akhe, wayedingeka ukuba alinde kuze kube yisikhathi sasemini. Wayengeke eze nabesifazane abahloniphekile. Akekho owayengazihlanganisa nowesifazane. Wayekade eshadile, futhi enesigejane samadoda, futhi ephila ngomthetho wokuthathana ngaleso isikhathi. Akukho muntu owayemnakekela. Babeqine kakhulu futhi beyisitashi. Akekho owayenakekela!

¹⁰⁶ Kodwa Wamnakekela kakhulu kangangoba Wamtshela izimfihlo zenhliziyi yakhe, futhi wathethelela sonke isono. Wase efaka Okuthize kuye, ukuba agijime angene emzini, athi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshela zonke izinto engizenzile.”

¹⁰⁷ Niyabo, yilokho okuMenza abemkhulu kimi. Akasuye umuntu wakudala oziphathisa okwesitatanyiswa. Wayengumusa kaNkulunkulu kubantu. Wayeluthando lukaNkulunkulu lubonakaliswe enyameni yomuntu. Akunandaba ukuthi wayemncane kanjani noma wayenganakekile kanjani,

Wanakekela; eziphatha kabi, izidakwa, abaguliswa utshwala, noma ngabe kwakuyini.

¹⁰⁸ Ngicabanga ngoRosella Griffith omncane, eChicago. Incwadi yakhe iyaphuma manje. Oweza lapha emhlanganweni, emubi kabi kangangoba yaze inhlango iAlcoholics Anonymous yabahlulwa uphuzo e—enkulu yamala. Futhi cishe izibhedlela eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili ezidumile zaseChicago zazibhale igama lakhe zalikhipha encwadini ukuthi, “ungaphindi uze” lapho. Ngisho futhi wayehle kakhulu, kwaze kwathi into kuphela ayesele nayo kwakulijazi alinikwa ngumama wakhe; walisika ngaphakathi wase efaka amabhodlela akhe phansi phakathi lapho, oguliswa utshwala onje pho, ukuze omiswe amakhaza afe, elele emiseleni ngesikhathi sasebusuku. Owesifazane osemusha, ohlakaniphile, ofundile; owesifazane obukeka emubi egugile. Ehlezi kuvulande ophezulu esitezi, enhla ngaleya eIndiana lapho sasinomhlangano khona, akekho owayebonakala sengathi uyanakekela. Ukuba babazi ukuthi wayengubani, bamhlamuka basuka kuye.

¹⁰⁹ Kodwa uJesu wanakekela. Wangihambahambisa ngakhona lapho, wayesethi, “Owesifazane ohleli ngaleya, igama lakhe nguRosella Griffith. Uguliswa utshwala. Usenqatshwe yi Anonymous, futhi akukho abangamenzela khona. Futhi ngakho onke amathemba asephelile. Kodwa ukholiwe nguYe. ISHO KANJE INKOSI. Kusukela kulelihora kuqhubeke, akasophinde aphuze utshwala.” Futhi manje ungomncane, umKristu onothando; usuka endaweni aye endaweni, futhi asuke ekudanseni aye ekudanseni, asuke ejele aye emajele, eshumayela iVangeli, ukusindisa abaguliswa utshwala.

¹¹⁰ UJesu uyanakekela, ngakho vele nje uphonsele izinkathazo zakho kuYe. Osizini lwakho, Uyanakekela. Wena, uma ulahlelelwa ngabathandiweyo bakho, Uyanakekela. Uyabanakekela abafile, labo abafele kuKristu.

¹¹¹ Ngolunye usuku, Wayekhandleke kakhulu endleleni yaKhe, Wayengakwazi nokuhamba. Kodwa nakho kufika isi—isixuku sabantu sivela emzini, udwende lomngcwabo, nomama omncane ejikijela izandla zakhe emoyeni ngokuphiyazela, futhi ezishwiba. “O Jehova, Umthatheleni na? Uyindodana yami okungukuphela kwayo!”

¹¹² Wakhathele futhi ekhandlekile, kodwa Wamakekela lowo ompofu, omncane, owesifazane owephuke inhliziyo. Wahamba waya ngale kuba—kubathwali a—ababethwele i—ikhaskethi, wase elithinta, wathi, “Ndodana, vuka!” Ngani na? Wanakekela.

Uyaqonda. Manje siyazi, ngokuphila kwaKhe, ukuthi Uyanakekela.

¹¹³ Manje umbuzo ungukuthi, ubhekiswe kithi kulobubusuku, uyanakekela na? Uyanakekela. Kodwa manje ngabe uyanakekela na? Uma unganakekeli, khona-ke Angeke akwazi

ukukusiza. Kodwa, uma ngabe unakekela ngokwenele, noma uzinakekela ngokwenele qobo lwakho! Ngizwile abantu benza lokhu kuphawula okunokuhlanya, “Angikhathali ukuthi kwenzekani ngami.” O, he! Impela ngiyakunakekela ukuthi kwenzekani ngami. Impela, ngiyakwenza. Ngiyanakekela. Futhi ngiyakholwa ukuthi noma yimuphi umuntu, osemqondweni ophilile, uyanakekela. Ngifuna ukwazi ukuthi kuzokwenzekani kimi. Futhi uma ngazi ukuthi Wangithanda, akekho omunye owayengathanda kanjalo. Uyakunakekela. Uyakunakekela. Akunandaba ukuthi umncane kangakanani, ukuthi awubonakali kanjani, ukuthi umpofu kangakanani, awunakekeli kangakanani, ukuthi uzame amahlandla amangaki futhi wehluleka, Usanakekela. Uthando lwaKhe lusangqongqotha emnyango wenhliziyo yakho. Kodwa asinakubonga ngalokho na? Osukwini lapho khona. . .

¹¹⁴ Ngisanda kunitshela nje. Ngithemba ukuthi akwedlulanga ngaphezu kwekhanda lakho. Ngithemba ukuthi akukanedluli nje kalula, kodwa nizowakhumbula lawamazwi. Ukuthi, yonk’into isekugcineni. Impucuko isekugcineni. Intando yeningi isekugcineni. Yonk’into! Lesisizwe siphehlekele, noma ngasiphi isikhathi ukuba siqhume sibe izincezu. O! Ezinye izizwe, umhlaba, usekugcineni. Ngoba, yonk’into efayo ifanele ife, ukuze ukungafi kuthathe indawo yakho. Sifanele sifike kulendawo. Silapha. Sisekugcineni. Futhi asikho esinye isisekelo, akunalutho onga. . . Futhi akukho lutho olunye olunganakekela manje ngaphandle kukaJesu, futhi Uyanakekela.

¹¹⁵ Awunakekeli ngokwenele ukunikela impilo yakho kuYe, ukuMthanda, ukuya ezitaladini, ukuya kumphathi wakho, kumakhelwane wakho, kuyoyonke indawo, ngomnandi, umoya omnene na? Zehlukaniseni nina uqobo ezintweni zezwe, bese niphila ethi ayibe nokuthula, impilo emnandi, ukuthi abanye bazobona uJesu ngaphakathi kuwe. Awuzizweli yini Umkweleta lokho na? Asingabi ngabantu abangabongi, nina bantu lapha.

¹¹⁶ Izolo kusihlwa ngenkathi ngiphuma, owesifazane omncane ubeme emnyango. Ngiyethemba ulapha kulobubusuku. Lapho ngedlula, ubeme lapho nosana. Lwaqala ukukhala. Ubengesuye umKristu. Kodwa ubengafuni ukuba uMlayezo uphazamiseke, ngakho wathatha ingane yakhe wathi shelele waphuma nayo. Lapho ngiphuma emnyango, wathi, “O, bengithanda kanganani ukuba ngizwe isiphetho salowoMlayezo!” Futhi ngi. . .

¹¹⁷ Into ethize yathi nje kimi, “Lokhu uku provi-... akuhlelwanga. Lokhu ngokukaNkulunkulu.”

Ngathi, “Nenekazi, ngabe ungumKristu na?”

¹¹⁸ Wathi, “Qhabo, mnumzane. Ngifisa ukuba nguyeyesinye isikhathi.” Umama omncane obukeka ethandeka, ephethe usana ezandleni zakhe.

119 Ngathi, “Ulapha. Ungakucimi isikhathi eside.” Futhi khona lapho sakhothamisa amakhanda ethu, kanyekanye lapho, futhi sakhuleka. Ngase ngicela uNkulunkulu ukuba athathe umphefumulo wakhe.

120 Futhi ekugcineni, uma sengiqedile ukukhuleka, wathi, “Amen.” Futhi waqala ukwesula izinyembezi emehlweni akhe.

121 Ngani na? Wakhombisa. Ngenkathi efune uMlayezo, nakuba, uma engawutholanga, mhlawumbe ubenomuntu othize lapha ukuthi awuthole. Ubefuna omunye umuntu ukuba awuthole.

122 Futhi kwenzeni na? UNkulunkulu unakekele. Ngakho Ubenaye eme khona lapho nje, endaweni okuyiyona ngqo, ukuwemukela. Nakho-ke. Uyanakekela. Uyakwazi ukusebenza izinto zibe kahle nje. Ngabe sibonga ngokwenele na?

123 Kungikhumbuza indatshana ngokuthize okwenzeka edolobheni eliseduze nalapha. Iminyaka ethize eyedlule, umama wayethumele intombazane yakhe kude ekolishi. Igama layo kwakunguMary. Futhi ngakho intombazane yayiyintombazane elungile, ngenkathi isuka ekhaya. Yayine... Umama wayo wayewashe kakhulu ebhodini lokuwashela, nokunye nokunye, uku—ukukhokhela indlela yayo yasekolishi. Futhi ngolunye usuku yahamba yavakashela ekhaya. Yayizihlanganise phandle lapho nezinga labantu elixubene. Futhi yahlanganyela nentombazane engakholwa eyayingeyezwe kakhulu futhi ingenabuNkulunkulu.

124 Futhi kubi uma uhamba uzihlukanise nokunjengalokho. Zehlukaniseni ezintweni zezwe. Phumani! Ningabi ngcono, nizame ukwenza ngathi ningcono; kodwa ningazingcolisi izingubo zenu ngesono. “Ningabi ngabahlanganyeli nezono zabanye abantu.” Uma ngabe ufuna ukukhuluma igama lokukhuthaza kubantu, kulungile. Kodwa awufanele ubhixele ingulube ngodaka! Suka kuyo. Lokho kunjalo.

125 Futhi wadingeka aye ezansi emseleni nalentombazane. Futhi-ke ngenkathi isibuya ekhaya, isitimela sama ngaphambili. Nentombazane, ihlezi ngasewindini, yabuka ngaphandle.

126 Futhi nakho kwakukhona owesifazane omdala ngaphandle lapho, owayenezibazi bonke ubuso bakhe, nentamo yakhe ishone ngaphakathi kakhulu, izandla zakhe ezincane zimathambo kanjalo, ebuka ngakhokonke okwakusenziliziyweni yakhe, elindele umuntu othize ukuba ehle esitimeleni.

127 Futhi lentombazane eyayinoMary, yathi, “Mary, buka lowo owesifazane obukeka egugile!” Yathi, “Akabukeki emubi na?” Futhi lowo kwakungumama kaMary.

128 NoMary, ngenxa yomuzwa womngani wakhe, wathi, “Yebo, yena unjalo. Kabi kabi!”

129 Futhi ngenkathi behla esitimeleni, uMary ebambeke kuleso siteji, umama wakhe weza egijima wayesethi, “O, s’thandwa, ngiyajabula ukukubona!”

130 NoMary wafulathela umama wakhe. Wayesethi, “Angikwazi,” wase eqala ukuhamba.

131 Futhi lapho kwenzeka ukuba kube nomkhaphi emi lapho, futhi wagxumela kulelibhokisi, wayesethi, “Yima umzuzu nje!” Futhi wazuza ukunaka kwabo bonke ebebakhona. Wathi, “Wena mntwana wokuhawukelwa! Ungamfulathela kanjani umama wakho uqobo ngenxa yalesosithingithingi esincane onaso na? Awunamahloni ngawe na, Mary na?”

132 Wathi, “Ngiyalwazi udaba. Lalela lapha, wesifazane osemncane,” kwenye intombazane eyaphawula ngakho. Wathi, “Lowo ngumama wakhe. NoMary angeke alubone lolosuku lapho wayemuhle uhhafu njengomama wakhe. Ngimazi esesemusha.” Futhi wathi, “Wayejabulile emshadweni. Futhi wayenosana, uMary. Futhi wayesesitezi esiphezulu, wase evula amawindi ukuze u—umoya opholile wasolwandle uzo... Nombhede omncane womntwana uphezulu lapho.” Wayesethi, “Wehlela esitezi esiphansi futhi wayenza iwashingi yakhe, eyeneka ngemuva kwebala. Nomlilo wokhela indlu. Futhi ngaphambi kokuthi akwazi, indlu yayisiyilangabi yonke, omakhelwane begijima. Futhi ngenkathi umama kaMary esefika ngakhona, wathi, wathi, ‘Ingane yami! Ingane yami, isesitezi esiphezulu!’ Nabezicishamlilo bathi, ‘Indlu ayisalawuleki. Ayikho indlela yokuthi ungafika kulo manje.’ Kodwa wenzani na? Wabamba iphinifa lakhe elincane kuye, elalimanziswe ngamanzi okuwasha, futhi walisonga ebusweni bakhe, wase egijima edabula phakathi kulawo malangabi. Namaphoyisa ezama ukummisa. Wenyuka ngezitebhisi ngokushesha okukhulu. Ngani na? Ingane yakhe ayithandayo yayilele lapho. Futhi waxhakathisa ingane, futhi wacabanga, ‘Ingubo emanzi ingivikele. Kodwa manje uma ngithatha ingane ngibuyela ukuyodlula, azoyisika ibe izicucu, lawo malangabi.’ Ngakho wasonga ingane ngengubo yakhe emanzi, wayibambela esifubeni sakhe, wase egijima wedlula emalangabini. Futhi adabula inyama ebusweni bakhe.”

133 Wathi, “Yilesosizathu emubi. Mubi, ukuze wena ube muhle. Futhi usho ukuthi uzofulathela umama wakho owenza ukuzinikela okunje na?” Ehlazweni, wakhothamisa ikhanda lakhe.

134 Ngicabanga ukuthi yileyondlela esifanele sibe ngayo. LeliVangeli, loMduduzi esinaye, loMoya oNgcwele umhlaba eliwubiza ngo “buhlanya,” lokho bantu abafuna ukuthi nga “bagingqiki abangcwele,” ngabe unamahloni na? Ngabe unamahloni ngomhlats'helo uJesu awenza ezansi esiphambanweni, ukuthi singaba nalenduduzo

na? UngaYishintshisa yini ngenduduzo yezwe, udumo lomakhelwane othize na? UNkulunkulu angakuvumeli!

¹³⁵ Kwangathi singaphonsela izinkathazo zethu kuYe, ngoba Uyasinakekela! Kwangathi singaMthanda futhi siMtuse ngakho konke okukithi!

¹³⁶ Futhi, o, lapho abafundi sebebuya, bethokoza ngoba babebalelwe ekufanelekeni ukuthi bengathwala ihlazo lokuthukwa ngeGama laKhe, yileyondlela engizizwela ngayo kulobubusuku. Angikhathali, ungathi ngi “lahlekelwe yingqondo,” ungangibiza ngo “mgingqiki ongewe.” Futhi ibandla lami leBaptisti langitshela ukuthi ngiyolahlekelwa yingqondo yami, noma ngiyoba ngumgingqiki ongewe.

¹³⁷ Ubaba wami nomama bangixosha endlini yabo, ngingenalutho ngaphandle kwesaka lephepha ekhwapheni lami, linezimpahla ezithile ngaphansi kwalo; ihembe elincane nokokushintsha kwezimpahla zangaphansi, nepheya lamasokisi athi awabe mabili, yilokho kuphela enganginakho. Nabantu bakithi bathi, “Ungeke ulethe leyonto ngapha futhi uqhubeke ube ngumntwana wethu.” Futhi ngaya eNew Albany, ngingazi ukuthi kufanele ngiye kuphi, ngingenandawo yokuqamelisa ikhanda lami.

¹³⁸ Kodwa, mfowethu! Nodeveli uza kimi ngalelohora, ekufeni komntwana wami. Izikhathi eziningi, engifike kuzo, kodwa ngiyazi lapho insindiso ihlezi khona! Ngangingeke ngiYiphike! Nalokhu nje kwakungibulala, ngingeke ngiYiphike. Sengedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni, ngomusa kaNkulunkulu. Izinkathazo zami zonke ziphonselwe kuYe, ngoba Uyanginakekela. Futhi Uyakunakekela.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje.

¹³⁹ Futhi, ngiyamangala, uma ungakaze uphonselwe zonke izinkathazo zakho kuYe; ungaziphonsa ezinye, kodwa unokwesaba okuncane nje ukuziphonsa zonke. Njengekholwa elithiyeka emnceleni, njengakumaHeberu 10. Kwathi kumaHeberu isahluko 6, kwathi:

...ngokubona ukuthi sizibethelela thina qobo iNdodana kaNkulunkulu kabusha...

...futhi sibale igazi lesivumelwano, esangcweliswa ngalo, ihlazo, futhi...sadelela imisebenzi yomusa na?

¹⁴⁰ AmaHeberu 10, athi:

...uma sona ngamabomu emva...sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo ngezono,

Kepha i...ukulindela okwesabekayo ngase ukwahlulelwa nomlilo oshisayo...

Ngokuba siyamazi...

*Kuyinto eyesabekayo ukuwela ezandleni
zikaNkulunkulu ophilayo.*

Usesekhona umusa, umusa eMthonjeni, indawo eMthonjeni!

¹⁴¹ Lowo mBhalo, nisakhuleka, ngithanda ukunitshela. Ngabe lowomBhalo ubhekisele kukuphi, “Uma sewukhanyiselwe, ungakaze wakwazi ukufinyelela ekwazini okuphelele”? Njengekholwa elithiyeka emnceleni, njengakuGenesisi 14, noma lapho u—lapho u... KuEksodusi, lapho amaIsrayeli enyukela ezweni lesethembiso, enambitha wona impela emagrebisi avela ezweni lesethembiso; kodwa babuya ngobugwala, besaba, “Singeke siwelele ngale, abamelene nathi bakhulu kakhulu.” Amakholwa athiyeka emnceleni, abantu abazoza ebandleni futhi, o, bathi, “Kuhle kakhulu,” kodwa bengabeki neze isandla sabo kukho. Bengafuni neze ukuwa phansi ealtare, futhi bathi, “Nkulunkulu, ngigcwalise ngoMoya, futhi ngivumele ngibe ngomunye wabantwana baKho.” Umncele! Asikufuni lokho.

¹⁴² Asibe ngumKristu wangempela. Makuthi lelibandla livuthe umlilo, imihlangano yemikhuleko iqhubeka ngaso sonke isikhathi, imihlangano kulo lonke idolobha, yonk'indawo; izisebenzi, ezingadinge kutshelwa, kodwa ezisebenza ngokuthanda ngasosonke isikhathi zisebenzela uMbuso kaNkulunkulu. Futhi makuthi amanye amabandla amelelwe lapha, kwangathi amalunga lapho angabuya ebandleni lawo, naleso sehlakalo. Asilahlele izinkathazo zethu kuYe, ngoba Uyakunakekela. UnguMduduzi.

¹⁴³ Uma ngabe ekhona umuntu onjalo kulobubusuku, ovuma ngokwethembeka phambi kukaNkulunkulu ukuthi awunakho lokho kuthula, ukuthi ungalahlela zonke izinkathazo kuYe, kodwa uyakufuna; ukuzamile, ukhubeke kukho, kodwa awukaze wafika endaweni lapho ungazinikela khona ngempela ngokuphelele nje qobo lwakho kuYe, futhi ungathanda ukukwenza, ungasho yini ukuthi, “Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham, ngisaphakamisa isandla sami na”? Ningaziphakamisa izandla zenu manje, niithi nje, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emkhulekweni.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Busiswa, nawe, nawe ngalapha. Yebo. Nasemuva lapho ngemuva, uNkulunkulu akubusise. Uyazibona izandla zenu ziphakama. INkosi ikubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise khona lapho ngaphambili, dadewethu. Futhi uNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu. Uyakunakekela. Sasivamise ukucula iculo elincane:

Uyakunakekela,
Uyakunakekela;
Libalele noma limathunzi,
Uyakunakekela.

¹⁴⁴ Niyakhumbula, eArizona, uhambo lwami lokuqala lapha, futhi nacula “hamba kahle” kimi ngaleloculo, ikwaya encane yaseSpain ngaphandle lapha evela ebandleni likaMfowethu Garcia; ngenkathi sibuthene ndawonye ngale eCalifornia, lapho ngihamba ngehla ngolayini, ngikhala, futhi sivayizelana. Abanengi bobaba nomama, nabanengi babo sebadlula baya ngale kweveyili ngaleya, kulobubusuku. Kodwa Usakunakekela. Uzoqhubeka enakekela. Lapho kungenalutho olunye olunganakekela, Uzonakekela. NiyaMthanda manje, futhi nifuna uku. . . Nifuna Aninakekele, nani nifuna ukuMnakekela. Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham. Nginesidingo kulobubusuku engingakwazi ukusibeka ealtare. Ngaphandle uma. . .”

¹⁴⁵ Futhi nje vele usuke uhambe, siphonsele eNkosini, bese uthi, “Nkosi, ngi—ngiyixhwala.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu. “Ngiyisidakwa. Ngi—ngingumqambimanga. Angikwazi nje ukuyekela ukwenza amahlaya, ngikhulume amahlaya angcolile. Angikwazi nje ukuyekela ukuphuza, isiphuzo senhlaliswano, ngihambisana nesixuku. Ngi—ngifuna—ngifuna ukusuka kukho konke lokho. Ngi—ngi—ngingumuntu ohlala njalo ebuka izinto ezimbi, izitaladi zigwele abesifazane a—abangcolile nabesilisa. Futhi—futhi ngi—ngifuna—ngifuna ukuqhela kulokho. UngaKwenza, O Nkulunkulu, mangikwazi ukuphonsela zonke izinkathazo zami, kulobubusuku, kuWe?”

¹⁴⁶ Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Mina lapha manje nginikela yonk’into, futhi ngiyibeka ealtare, futhi ngizolahlela zonke izinkathazo zami kuYe”? Angabakhona yini omunye singakakhuleki na?

¹⁴⁷ UNkulunkulu ambusise lona, umfo omncane ohlezi lapha nesandla sakhe siphakeme, umfo omncane ogqoke isikibhajezi esibomvu. “Umntwana omncane uyakubahola,” ngempela imiBhalo iqinisile.

¹⁴⁸ Angabakhona yini omunye noma kuphi, ungasiphakamisa nje isandla sakho, bese uthi, “Ngikhulekele”? UNkulunkulu akubusise, umfana omncane waseSpain ohlezi lapha. Omunye futhi? UNkulunkulu akubusise lapho, nenekazi, ngiyasibona isandla sakho. Lapho, mnumzane, ngiyasibona esakho. Nsizwa yaseSpain emuva lapho. Nalelinenekazi elihlezi lapha. Ngiyabona. UNkulunkulu uyasibona isandla sakho, Uyakwazi ukuthinteka kwakho. Busiswa, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Lokho kuhle. Ukhona omunye futhi ongathi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham”? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfanyana. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Nawe, intombazane encane ehlezi lapha. Emuva le lapho, ngiyasibona isandla sakho, leyandoda eyisidlakela ephakamisele isandla sayo emoyeni. UNkulunkulu akubusise wena ohlezi lapha, umfo osemncane, osesesigabeni sobusha bempilo, ohlezi lapha ekhothamise ikhanda lakhe.

149 O, umzuzu onje pho! Izingqomo ziyenziwa, “Ngingaziphonsela yini zonke izinkathazo zami kuYe na?” Kungabonakala sengathi akukejwayeleki. UNkulunkulu abusise izithandani esezikhulile ezilapha. “Ngiziphonsela izinkathazo zami kuYe.” Yebo, vele unikele yonk’into nje. Ngi. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Nazi zonke izinkathazo zami, phezu kwaKho. Ngiyakholwa.” UNkulunkulu akubusise, inenekazi eliselincane emuva lapho, intombazane yaseSpain. Leya nsizwa. Lelo nenekazi eliselincane. Yebo. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Kube nomunye nje singakakhuleki manje na? Khumbula, wenza esakho. . .

150 Busisa lomfana omncane. Busisa lona owesifazane osemncane lapha. O! (Nani enisemkhulekweni, ngifuna nje ukusho okuthize.) Okunye ukubukeka okuncane okumnandi kunakho konke! Uma likhona ikusasa, nakhuya kuhlezi umshumayeli engibhekile, oneminyaka cishe emine ubudala.

151 Manje khumbulani, umoya wokuhlola okufihlakele, angikaze ngiwunikeze lapha ebandleni nje ebusukwini obedlule noma obubili. Ngifuna ukuthola into ethize kuqala. Kunabantu abahlezi lapha abanobufakazi ezinhliziyweni zabo (Ngiyakwazi), baphiliswa eminyakeni eyedlule, nazo zonke lezi zinto. Kodwa ngifuna ukubeka izinto ngohla lwazo. Asithole imiphefumulo yethu ukuze sethembe nje uNkulunkulu futhi sibeke yonk’into ealtare, sithi, “Nkosi Nkulunkulu, nangu mina.”

Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,
Nokuthi Wena ungibiza ukuba ngize kuWe,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! ngiyeza!

152 [Umfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Njengoba Nje Nginje*—Umhl.] Angazi manje. . .njengoba bebaningi ophakamise izandla zabo.

153 Kunokuthize mayelana nebandla, okumnandi. Yilapho abangcwele bebuthana, isikhathi ngesikhathi, ukuzokhuleka, lapho inkonzo ishunyayelwa inqamula emsamo. Kukhona okuthize okuthandekayo ngebandla. Umhlaba ugcwele kakhulu abantu namuhla, sekuthi akube lukhuni ukubamba umkhankaso ebandleni, abantu bayama, babanjwe amajaqamba.

154 Futhi umfowethu oligugu nodadewethu, cishe eminyakeni elishumi nambili eyedlula ngiza kini, njengensizwa eqalayo enkonzweni. Abaninge benu basesekhona lapha. Ngiyambona uNkk. Waldroff ulapha. Lapho, wayethwalwe wangeniswa lapho, efile, ohlakeni, enomdlavuzo enhliziyweni; lokho sekube yiminyaka eyadlula. NoMoya oNgcwele wambuyisa waphila futhi. Odokotela bakhe bethula ubufakazi babo futhi banamarekhodi akho. Abanye bahlezi lapha a. . .Kufakazelwe, bangani, ukuthi Uyanithanda.

155 Ningenyukela lapha kulobubusuku manje na? Nina eniphakamise izandla zenu, ninokuthize enifuna ukukuphonsela eNkosini, niyanakekela, ningeza lapha bese nje ningivumele ngikhuleke nani na? Wozani, sukumani. Nina eningamazi uKristu njengoMsindisi wenu. Noma ngabe uMazi, futhi unemikhuba ethize ongakwazi ukuyiyeka, noma okuthize, ungeza lapha na? Ungabi namahloni manje. Yithi, “Ngisiphakamisile isandla sami, Mfowethu Branham.” Khonake impela ungakhuphuka uze lapha bese uthi, “Ngiyavuma esidlangalaleni ukuthi ngidinga uKristu. Ngifuna ukuza lapha futhi ngime.”

156 Wathi, “Uma unamahloni ngaMi, phambi kwabantu, Ngiyoba namahloni ngawe phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingewe. Kodwa uma uzoNgivuma phambi kwabantu, lowo Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingewe.”

157 Ungahamba futhi wehle ngqo esikhaleni sezihlalo manje na? Yehlelani lapha futhi nime.

158 Owesifazane omncane uyeza, mhlawumbe noma... Ngicabanga ukuthi owesifazane ongumShayina, uyehla uyeza manje ukuzokwenza ukuvuma kwakhe esidlangalaleni ukuthi udinga uKristu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Khona lapho. Ngizoba nawe emzuzwaneni nje.

159 Bangeza abanye futhi khona manje sisacula na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane.

Ngeliphansi nangesineke . . .

160 Manje uma ufuna ukuphonsela izinkathazo zakho kuYe, woza, ziphonsa wena uqobo ealtare laKhe lapha.

Ubiza wena . . .

161 Sukuma nje uthi thwi, woza wehlele lapha ngqo. Sifuna ukuma lapha futhi sikhuleke nawe, sibeke izandla kuwe.

Uyabona esangweni Ulindele futhi ebhekile, Ubhekisisa i . . .

162 Ubhekisisani na? Ubhekisise ukubona ukuthi ngabe ubukuhlose ngempela yini lokho, noma qhabo. Woza manje, woza. Ngabe ukuhlosile na? Impela, ubuhlosile.

Woz'ekhaya, woza, woza . . .

UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nsizwa lapho.

Wena okhandlekile, woz'ekhaya;
Ngobuqotho, (Nkulunkulu!) ngesineke,
uJesu . . .

163 Ngabe unayo inkathazo kulobubusuku ongakwazi kuyilahla, ufuna ukuyiphonsela eNkosini na? Yehla uze.

O, soni, woz'ekhaya!
 Woz'ekhaya, woz'ekhaya,
 Wena okhandlekile, woz'ekhaya;

164 [UMfowethu Branham usuka epulpiti futhi ukhuleka nabantu abase altare, lapho omunye umfowethu eqhubeka nokucula *Ngeliphansi NaNgesineke* nebandla, futhi ukhuluma nabo—Umhl.]...?...

Nakuba sine...

165 Ningeke neza manje, khona ngapha, niguqe ngapha, nenzele umkhuleko. Wena ongakeneliseki, indawo nje omi kuyo, ungeke weza na? Woza.

...ki mina nawe.

Woz'ekhaya,

UNKulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

...khaya,

Wena okhandlekile, woz'ekhaya;

166 [UMfowethu Branham uphinda uyasuka epulpiti futhi ukhuleka nabantu abase altare, lapho omunye umfowethu eqhubeka nokucula *Neliphansi NaNgesineke* nebandla, futhi ukhuluma nabo—Umhl.]...?...

Woz'ekhaya...

167 Ngabe ukhona lapha ongenawo uMoya oNgcwele, akakaze agcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, awunasiqiniseko ngesimo sakho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Angikaze ngiwemukele uMoya oNgcwele, Mfowethu Branham." Namamukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na? Uma ningakaze, phakamisani izandla zenu. Ningathanda ukuza niguqe khona lapha manje, futhi masikukhulekele, wemukele uMoya oNgcwele na? Wozani manje sisacula.

Woz'ekhaya...woz'ekhaya,

Wena okhandlekile, woz'ekhaya;

Ngeliphansi, nangesineke, uJesu uyabiza,

Uyabiza, O soni, woz'ekhaya!

Kungani kumele silibale uma Jesu...

168 Ningeze yini manje, khona ngapha, manje lapho uJesu esabiza na? Mhlawumbe kungahle kube ukubizwa kwakho kokugcina. Asazi. Kungahle kungabi njalo; kodwa noma kunjalo kungahle kubeyilo. Ungeke weza na? Ungalinganiseli kukho. Uma ungenasiqiniseko, woza manje. Ungeza na?

...hlalelani futhi ungalaleli umusa waKhe,


Umusa wakho nami?

Woz'ekhaya,

UNKulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu.

. . .ekhaya,
Wena okhandlekile,

¹⁶⁹ Uzodingeka ukuthathe kusukela lapha, mfowethu.
UNkulunkulu akubusise.

[Umfowethu uthi, “UNkulunkulu akubusise,
Mfowethu Branham. Ngiyabonga ngokungicela ukuba
sibambisane.”—Umhl.] 

UYAKUNAKEKELA ZUL60-0301
(He Careth For You)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngo Mashi 1, ngo 1960, eFirst Assembly Of God ePhoenix, eArizona, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org